



# UMondli


# uphethwe yisisu




**Elias Makhapa**



UMondli uphathekile, uWethu uyamphelezela.





UMondli wayephethwe yisisu.

UNompilo uzame ukumnikeza  
amakhathakhatha amaningi, kepha uhudo  
lwaqhubeka.



UMondli ubuthakathaka, akanawo amandla.





Bayafika emtholampilo.

“Yini inkinga?” kubuza umhlengikazi uCebo.

“Mhlengikazi, nginohudo. Futhi ngikhathele,”  
kuphendula uMondli.



Umhlengikazi uCebo wamsondeza ngakuye,

“Izindebe zakho zomile futhi zidabukile,”  
kusho umhlengikazi.






“Ubonakala ungenawo amanzi emzimbeni.  
Isifo sohudo siqeda amanzi emzimbeni.  
Namehlo akho ashone phakathi,” kusho  
umhlengikazi uCebo.



“Ezinye izimpawu ubuhlungu besisu,  
isicanucanu, ukushisa komzimba nesiyezi,”  
kuchaza umhlengikazi uCebo. “Yiziphi  
izimpawu onazo?”





“Nginazo zonke. Futhi ngibuthakathaka,”  
kuphendula UMondli.

“Uma unohudo, uphelelwa ngamanzi  
namaminerali emzimbeni,” kusho  
umhlengikazi.



“Udinga ukubuyisela amanzi alahlekile emzimbeni wakho,” kusho umhlengikazi.  
“Ungahlanganisa ingxube eyandisa amanzi emzimbeni.”





Umhlengikazi uCebo wabakhombisa izithako zokwenza ingxube elula:

1. Bilisa amanzi uwayeke aphole.
2. Thela izinkomishi ezine zamanzi ejekeni.
3. Hlanganisa namathisipuni amabili kashukela nethisipuni eyodwa kasawoti.



Wabe esechaza, “Usawoti ubuyisela usawoti olahlekile emzimbeni. Amanzi abuyisela amanzi. Ushukela usiza umzimba ukwamukela.”





“Izingane kufanele ziphuze ingilazi eyodwa yalengxube, masinyane. Baphuze enye ngemuva kokuzikhulula okumanzi. Besé bephuza ingilazi ngehora elilodwa,” kusho umhlengikazi.



“Abadala kufanele baphuze izingilazi ezimbili zalengxube masinyane.

Baphuze ezinye ezimbili ngemuva kokuzikhulula okumanzi. Bese bephuza ezimbili ngamahora amabili,” kusho umhlengikazi.





Umhlengikazi uCebo waphuzisa uMondli ingilazi yengxube. Wabe esebanikeza ibhodlela lengxube ukuze bahambe nalo ekhaya. Kuzomele bazenzele ingxube uma befika ekhaya.



Uma befika ekhaya, uWethu wenza enye ingxube. UMondli waphuza lengxube njalo ngehora waze waba ngcono. UMongi wasibonga iseluleko somhlengikazi uCebo.

